Ithenda yolungisa umuzi kaZuma yasheshiswa

BERNADETTE WOLHUTER

LWASHESHA uhlelo lokukhishwa kwethenda yokulungisa umuzi kaMengameli Jacob Zuma oseNkandla.

Lezi zindaba zivezwe nguMnuz Christian Legwabe, oyilungu le-Special Investigating Unit (SIU) eliphenya ngokunikwa ithenda kwenkampani iMoney Mine 310 CC eyayilungisa umuzi kaZuma.

ULegwabe ubethula ubufakazi osukwini lwesibili esigcawini sokuqondiswa ubugwegwe bomsebenzi womnyango weMisebenzi yoMphakathi, uNksz Jayshree Pardesi.

UNksz Pardesi ubekwe icala lokungalandeli umthetho ngokusayina inkontileka ngaphandle kokulandela imigomo. Wasayina le nkontileka ngo-2010 eseyiPhini loMqondisi jikelele womnyango.

ULegwabe uthe kufanele kubhekwe izinto eziningi ngaphambi kokuthi inkampani inikwe umsebenzi kodwa akwenzekanga lokhu ngesikhathi kunikwa iMoney Mine umsebenzi.

Uthe awekho amaminithi ekomidi elalibheka amathenda futhi akucaci ukuthi kwasayinwa ngasikhathi sini.

"Awekho amaminithi omhlangano sibona sengathi kwakuhlangenwe ngo-2 kuya ku-3 ntambama. Kwasayinwa masisha ukuze i-Money Mine ithole umsebenzi wokubiya, owokulungisa indlu enkulu nowokwakha orawondi. Konke lokhu kubukeka sengathi kwakuphuthuma," kusho uLegwabe.

Uthe akaqondi ukuthi kungani kwasheshiswa yonke into ngoba umsebenzi uye usheshiswe uma kucele uMengameli kodwa kulokhu ubuziwe ukuthi kukhona ake abafonela walandula.

"UMengameli sambuza ukuthi ngabe nguye owacela ukuthi kunikwe iMoney Mine ithenda kodwa waphika. Sathola ukuthi umnikazi weMoney Mine wayesekade esewuqalile umsebenzi futhi usumi ku-15%," kusho uLegwabe.